## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI.
   ISIQEPHU A: Inoveli.
   ISIQEPHU B: Izindaba Ezimfushane.

2. Phendula yonke imibuzo.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala izinombolo ngendlela ezihlelwe ngazo kuleli phepha.

6. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INOVELI

## ELOKUFA KALITSHELI- MM NDLOVU

## UMBUZO 1

Fundisisa lezi ziqashena EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Wasuka lapho wanikela kuvulandi lapho kuhleli khona umkakhe uMaZwide owayeyibuka yonke ingxabano phakathi komyeni wakhe nothumbu wakhe owayengaconsi phansi. Wathi efika lapho uMahlase wayehlala nje sakujikoza, wathi ukuhleleka sathula kutshengisa ukuthi useyasazi ukuthi silashwa kanjani esifweni saso sokugexezela. Wahlala wanaba thwishi, wasonga izingalo phezu komkhaba.
"MaZwide ngikhathele nguVela! Kusukela manje angisamfuni kula magceke akulo muzi. Uma nje eke waphinda walubhada ngiyombulala ngalezi zami izandla lo mfana," walinganisa ngezingalokazi ukuthi uyombamba kanjani uma esembulala.
"Usenzeni kangaka baba uVela lena esingamenza aphelelwe yikhaya? Yehlisa umoya Mahlase, yena uyaganga kodwa…"

"Uthi uzizwa kahle MaZwide ukuthi uthini? Ingane iyangidelela wena uthi mangehlise umoya? Yingakho nje le ngane ingigibela ekhanda ngoba inenxusa eliyixhumela izindlela zokuxhumana? Hhi?" Wabuza waze wajama uMahlase owayesehleli ebambelele emadolweni.

"Kufanele ngithi yehlisa umoya baba. Uma umxosha uVela uthi makayephi ngoba yilo leli ikubo? Kahle baba ukuthathela izinto phezulu. Kuyoba kuhle yini kuwena uma uVela **esengumhambuma** njengalezi zingane ezihlala emigwaqweni?

1.1. Ngubani igama lika Vela eliphelele. (1)
1.2. Ngokwalesi siqeshana yini eyixabanisa uVela noyise? (1)
1.3. Ukuphi nendawo umuzi kaMahlase? (1)
1.4. Caphuna igama elisesiqeshini esingenhla elikhombisa ukuthi uVela wabe engumagcino kubo. (1)
1.5. Bala izinto EZIMBILI eziveza ukuthi uVela wayeyingane engahloniphi. (2)
1.6. Chaza isimo sokukhuluma esithi "**esengumhambuma**" (2)

1.7. Phendula ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA bese usekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA.
Le ndaba ilandiswa ngumlandi ongumlingiswa endabeni. (2)

1.8. Chaza izinto EZIMBILI ezenziwa uVela emzini eyakhelene nakubo. (2)

1.9. Ngokwale ndaba uvezwe njengomligiswa onjani uMaZwide (2)

1.10. Ngabe ubani umlingiswa osemqoka kule ndatshana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.11. Chaza isizinda senkathi sale noveli. (2)

{18}

**KANYE**

## ISIQESHANA B

"Nakho-ke okukhulu! Usuyaphahluka-ke manje, ushise indlu ngoba uzama ukucisha ubufakazi bokuthi untshontshile? Hhi? Hheyi wena Sathane, umthetho wakho ufuna ukubonani?" Wasondela kuyena okomuntu ozomgqimuza ngesibhakela amtshinge phansi engandlalelwe.
"Kahle Sibali! Wasondela kimi manje? Angenze lutho mina, angishisanga ndlu, angitshontshanga lutho futhi…" exhugeza ehlehla nyova.
"Unamanga uzoyikhipha uyibeke la i-*Hi fi* ne-*DVD*. Uma ungafuni ukubona ihlazo, njengamanje khipha le mpahla yami osuyebile ngingaze ngikukhiphe umoya ngalezi zami izandla." Inqindi useyifingqile, amehlo ebheke ngqo uVela ongamuhluzwa noma yinini.
"Ngeke-ke nje uze umshaye ngikhona. Qala ushaye mina kuqala ngaphambi kokumshayela into engekho uVela," uKhethi wangena phakathi kwabo.
"Ngikha-the-le nguwena…" wamqhumisa isiswebhu sempama uNgwane kumkakhe wantantatheka waye wafumbeka phansi.
"Kahle Sibali kanti kwenzenjani ngempela?" Wahlehla ngamandla uVela ejeqeza lapho ezophunyuka khona abaleke.
"Ngithi khipha izimpahla zami ozebile Sathane." Wambingelela ngempama eyahlala ebusweni wabona izinhlasi uVela.
"Angazani nampahla mina Sibali," washo njalo evika udalimede wenqindi awuvika wamdudula waye wancika ngobonda lwendlu, izinduku zalahleka le kude. Wafika qathatha uNgwane **engasadle nkobe zamuntu.**

1.12. Bahlobene kanjani uVela noKhethi? (1)

1.13. Ngabe kuyiphutha likaVela ukusha komuzi kaNgwane? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.14. Hlobo luni lodweshu olutholakala esiqeshini esingenhla. Sekela impendulo yakho. (2)

1.15. Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:
Ngabe lesi simo sokukhuluma esithi: **'engasadle nkobe zamuntu'** sichaza:
A. Ukudla kakhulu uqedele wonke umuntu.
B. Ukuthukuthela kakhulu.
C. Ukubalekela wonke umuntu.
D. Ukuntshontsha ukudla kwabanye abantu. (2)

1.16. Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B |
|---|---|---|
| 1.16.1. | UMaZwide | A. Udadewabo kaVela |
| 1.16.2. | UHlomuka | B. Wayengumphathi wekilabhu yebhola. |
| 1.16.3. | US'khulu | C. Umama kaVela. |
| 1.16.4. | UKhethiwe | D. Watshoshelwa izinkukhu . |

(4x1) (4)

1.17. Ngokucabanga kwakho umbhali ukwazile yini ukusethulela isingeniso esilindelekile kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI (2)

1.18. Ngabe ithini indikimba yale noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.19. Ukube wawunikwe ithuba lokuba yingxenye yomndeni wakubo kaVela ikuphi owawungakwenza okwehlukile ekumsizeni ukuthi ayeke izidakamizwa. (2)

{17}

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE

## UMBUZO 2

## 'IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU' – S. KHWELA

2.1. Fundisisa lezi ziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA C

> "Uzifanisa nabo yini wena?"
> "Cha angizifanisi nabo, ngifana nabo. Siyiziboshwa nje sonke."
> "Izintombi emnyango zifuna zona iziboshwa. Uthini lo?"
> "Ziyeke abafana emnyango befundile behamba ngezibelethe amasondo emhlane, zidumele iziboshwa abantu abanekusasa elifiphele?" ebuza enikina ikhanda.
> "Ukhuluma kanjani manje? Lifiphele ikusasa lethu?"
> "Awu suka, lifiphele. Kungathi ubona sesihlale ngaphezu kweminyaka eyisithupha sivalelwe."
> Anikine ikhanda uDumisani, ambukisise umngani wakhe.
> "Mhh...wena Senzo ukhuluma kanje nje awuzenzi. Wenziwa ukuthi ingqondo uyivalele ekopini."
> "Usuyabheda-ke manje! Ikhanda lami liyikopi?" ebuza ngokucasuka.
> "Ngizolibiza ngekopi ngoba uyahluleka ukucabanga ukuthi kumele ungene esikoleni, ufunde ukuze ijele lingeke lifiphaze ikusasa lakho," kubeka uDumisani ngesineke.
> "Wena awusayinakile-ke iminyaka engamashumi amabili le oyihudulayo. Usunake mina. Musa ukunginaka *please!*" Asho asukume aphume uSenzo ayaluze ngaphandle ngoba phela iyona nto ayazi kahle leyo. Ukuyaluza nje. Uma engayaluzi, usuke egqolozele ithelevishini. Lapho-ke umthola elokhu ekhomba amantombazane amahle, elokhu ethhi, "Eishh!" USenzo-ke lowo.

2.1.1 Bakuphi laba bantu abakhulumayo esiqeshaneni? (1)
2.1.2 Ubani igama lidadewabo kaSenzo? (1)
2.1.3 Ngabe uSenzo usebenzisa siphi isibongo? (1)
2.1.4 Ubani igama lika Senzo langempela. (1)
2.1.5 USenzo wayebhekene nayiphi inkinga kule ndatshana. (2)
2.1.6 Kulesi siqeshana esingenhla ngabe uDumsani ucebisa uSenzo ukuba benzeni? (2)
2.1.7. UDumsani uvezwe njengomuntu onjani kule ndatshana. Fakazela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.1.8. Ngabe umbhali ukwazile ukuthula kahle isingeniso sendaba? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka endabeni. (2)

2.1.9. Umbhali ukwazile yini ukufeza umgomo wenani labalingiswa kule ndaba. Chaza ngephuzu ELILODWA (2)

2.1.10. Isihloko sale ndatshana siyahambela yini nokwenzeka kuyo? YEBO noma CHA bese usekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.1.11. Chaza udweshu langaphakathi olubhekene nomlingiswa uSenzo. (2)

{18}

**KANYE**

2.2. **BENGINGEKE NGISAKWAZI – S. KHWELA**

**ISIQESHANA D**

"Yebo imoto yomyeni wami leyo.Pho…" Anqanyulwe iphoyisa limngena emlonyeni."Nkosikazi angizukugeqa amagula ocingweni.Lubucayi lolu daba. Kuhle kube ngamaphoyisa eza lapho emzini wakho azokwendlalela lonke udaba. **Ngokuphazima kweso** nje azobe eselapho." Kusalokhu kuduma ikhanda nje kuMaNduli.

"Engakwazi nalapha ekhaya nje ayofika mhla zingaki?"
"Ucabanga ukuthi inombolo yocingo siyithathephi? Konke sikuthole kudayari yakhe umyeni wakho."
"Hhayi azothatha isikhathi, kungcono ngishaye imoto manje ngizizele mina lapho." Waluthi gakla phansi uMaNduli. Waqonda ekamelweni lakhe wathi hlwi okokugqoka okufudufudumele wakuthi ji ngaphezu kwezokulala ebezifakile. Konje ubewubeke kuphi ukhiye wemoto? O, nawu ulenga odongeni. Awuthathe. Emva kwalokho waqonda ekamelweni likaNtombi. Uzihlalele nje uNtombi embhedeni uphethe ipeni nephepha uyabhala. Kukhulu- ke lokho akubhalayo osekumenze wathatha ingqondo yakhe wayigxilisa kukho. Nakhu phela akazwanga ngisho unina evula umnyango. Usezwa ngaye nje esethi, "Ntombi sengathi kukhona okungahambi kahle lapha. Ngisaphuthuma esiteshini samaphoyisa eSherwood."
Wathi bhakla isicabha washingila akangalinda ngisho ukuzwa uNtombi ukuthi umphendula uthini. Uthi, "Yebo ma " nje uNtombi usezikhulumela nomoya.

2.2.1 Bhala igama lesiteshi samaphoyisa okwakuya kuso uMaNduli (1)

2.2.2. Wabe engubani usayitsheni owaxhumana noMaNduli ngocingo.(1)

2.2.3 Ngamaphuzu AMABILI fingqa isizathu esenza uMaNduli afonelwe ngamaphoyisa. (2)

2.2.4 Bhala igama likaMnumzane Sikhosana (1)

2.2.5 Ngabe umlobi wale ndatshana ukwazile ukufeza umgomo wenkathi yesizinda uma ebhala le ndatshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA (2)

2.2.5. Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo senkulumo esithi **"Ngokuphazima kweso"** sisho:

A. Ngokudlulelwa isikhathi
B. Ngokushesha
C. Ngokunensa
D. Ngokunyakazisa amehlo (2)

2.2.6. Incwadi eyayibhalwa uNtombi ngesikhathi uMaNduli ehamba yayiveza ukuthi ubhekene naluphi uhlobo lodweshu. Bhala Iphuzu ELILODWA ukuluveza. (2)

2.2.7. Ngamaphuzu AMABILI, bhala isigameko esiwuvuthondaba kule ndatshana emfishane. (2)

2.2.8. Ukube wawunikwe ithuba lokweluleka umama kaNtombi isiphi iseluleko owawungamnika sona. (2)

2.2.9. Ngokucabanga kwakho umbhali wale ndaba wayesidlulisela muphi umyalezo. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

## BENGINGEKE NGISAKWAZI – STHEMBISO KHWELA

**1. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA D**

| |
|---|
| "Nkosi yami, kodwa ngizomazisa kanjani nje uNtombi into enje?" Uyazibuza. Aphume ekamelweni lakhe ame ngasemnyango wekamelo likaNtombi. Kusakhanya. Enze njani? Angene? Hhayi, ake aye kumakhelwane wakhe uThembi. Kakade isithenjwa sakhe.<br>"Yini mzala, wabomvu amehlo nje? Uyakushaya yini uThemba?" kubuza uThembi ebhalwe ukumangala ebusweni. Wabe esemlandisa-ke uMaNduli lonke udaba ngobunjalo balo. Engayekile futhi nokuthela uThembi ngezinyembezi. Amsondeze kuye uThembi, amgone amthokomalise, amduduze ammbambathe. Pho-ke akuluzwelo nakuThembi lo ungafunga ugomele ukuthi wafunda wagogoda kwezenhlala kahle. Nemibono ayiphonsayo iyazisho nje ukuthi iqhamuka kumuntu osevuthiwe.<br>"Kodwa useyazi uNtombi ngalolu daba?" kubuza uThembi.<br>"Çha mzala, angikamtsheli" echiphiza izinyembezi.<br>"Kuhle umazise mzala"<br>"Üsho njalo mzala?"<br>"Ëhhene mzala. Phela ingane yakho le. Kumele yazi ngesimo esingesihle esesithe sahlasela umndeni. Kodwa uyayizwa leyo not mzala?"<br>Nya, akaphenduli uManduli.<br>"Ulalele mzala?"<br>"Ngilalele mzala. Ukuthi ngiyacabanga nje ukuthi ngibona kungcono ukuthi ngimazise esebuyile uThemba esibhedlela. Mhlawumbe angethande ingane yaziswe ngesimo sakhe."<br>"He, uyadlala wena mzala. Angithi ukube ushonile uThemba bekuzodingeka uchaze ukuthi kungani ethathe isinqumo sokuzibulala? Angithi?" |

1.1 Ubani igama lomlingiswa osemqoka (*main character)* kule ndaba? (1)

1.2 Laba abaxoxayo baxoxela kuphi? (2)

1.3 Iluphi uhlobo lodweshu olutholakala (*type of conflict)* kulesi siqeshana? (1)

1.4 Yini eyabe imangaza (*surprise*) uThembi? (2)

1.5 Kungani uNtombi akhetha ukuthatha impilo (*commit suicide*) yakhe naye? (2)

1.6 Le ndaba yenzeke ngesikhathi samanje (*presence*). Fakazela lesi sitatimende ngezibonelo (*examples)* EZIMBILI. (2)

1.7 Qondanisa (*match)* lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B.

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 1.7.1 UThembi | a) Isisesiteshini samaphoyisa |
| 1.7.2 UNtombi | b) Iphiyisa elafonela uMaNduli |
| 1.7.3 UMaNduli | c) Wafonelwa iphoyisa. |
| 1.7.4 EMgungundlovu | d) Umkhwenyana kaMaNduli |
| 1.7.5 ESherwood | e) Umakhelwane wakwaSikhosana. |
| 1.7.6 UNgcobo | f) Yilapho okwatholakala khona imoto. |
| 1.7.7 UThemba | g) Indodakazi kaMaNduli. |

(7)

Isamba (17)

2.8 Qondanisa (*match*) okusohleni u A no B

| Uhla A | | Uhla B | |
|---|---|---|---|
| 1.1. | UMaShongwe | a) | Umphathi weplazi |
| 1.2. | Intsha | b) | Uyise kaMpiyakhe |
| 1.3. | UMpiyakhe | c) | Unkosikazi kaNgcobo |
| 1.4. | UMehlwenkunzi | d) | Abantu abasha |
| 1.5. | UNgcobo | e) | Indodana kaNgcobo |

(5)

2.9. ukube wawungu Mpiyakhe wawuzokwenzenjani kulesi simo? (2)

**UMKLOMELO : 35**

ISIQEPHU A

UMBUZO 1

UMBHALO OFUNDWAYO

Fundisisa le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ikusasa lami lizoqhakaza**

Ibanga lesi-9 libaluleke kakhulu kubafundi besikole ngoba yilapho umfundi ehlela khona ikusasa lakhe. Abanye abafundi bayasiyeka isikole kuleli banga bese bethatha umkhakha wokuyofunda ezikhungweni ezifana no-Further Education Training (FET). Okwami kuyefana nabafundi abaningi esizoqhubeka nabo size siqede ibanga le-12 ngonyaka wezi-2024. Ngiyabona ngamehlo engqondo sekuvela inomblo kaPhindile Mthethwa ephephandabeni Izwelethu.

Umama uhlale engibuza umbuzo owodwa njalo nje wokuthi ngifuna ukuba yini uma sengikhulile. Inkinga enkulu ukuthi kangenzi kahle ezifundweni engizidingela ikusasa lami. I-HSS kanye ne-EMS . Phela lezi zifundo zingangisiza ukukhetha izifundo eziyongisiza ukuba ngibe ummeli. Uma sengisebenza ngifuna ukuba ummeli ngisize labo abahlukunyezwayo ikakhulukazi abesifazane. Isifundo ezoMlando kanye nezamaBhizinisi zingangisiza. Okunye okungenza ngifune ukuba ngummeli yindlela umalumekazi ahlukunyezwa ngayo ngesikhathi ehlukanisa nomalume. Umalumekazi wayengenayo imali yokukhokhela abammeli kanti umalume wayengusomabhizinisi ovelele.

Okwenza kubenzima kakhulu **ukuthatha isinqumo** ukuthi umama ufuna ngibe udokotela ngoba ngiziphasa kahle iziBalo kanye neSayensi. Yena ubona indlela enginakekela ngayo izingane zakwethu. Uma zilimala ngiyazigeza ngizibhandishe kahle. Ngisola ukuthi mhlawumbe ubudlelwane bami nothisha bami ubungisiza ukuthi ngiphumelele kahle kulezi zifundo.

Inyuvesi engifisa ukufunda kuyo yile yaseKapa. Bayayisho bathi uma ufunde khona izinkampani ziyakuthanda, zikubangisa okwamakhekhe ombhako ashisayo. Umlando wale nyuvesi muhle kakhulu. Uma kungalungi lapha ngingafunda naseNyuvesi yasePitoli noma khona lapha KwaZulu Natali e-Westville Campus.

1.1. Sithini isihloko sale ndaba oyifunde ngenhla? (1)

1.2. Ubani igama nesibongo somfundi obhale le ndaba? (2)

1.3. Kungabe YIQINISO noma IPHUTHA ukuthi umfundi uyakwazi ukuyeka isikole ebangeni le-9? Sekela impendulo yakho ngephuzu **ELILODWA.** (2)

1.4. Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo.

Ukuthatha isinqumo kule ndaba kusho:

A ukuhamba nemali

**Umbuzo 2**

2. Fundisisa lo mbhalo olandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Umbhalo obukwayo

**Eat Pray Love**

**SIZAKALA EZINKINGENI ZAKHO!!!**

Woza uzoxoxa nathi sikusize ezinkingeni obhekene nazo wedwa.
Leli iqembu labafundi eliholwa nguthisha.
Siyakusiza kuzo zonke izinkinga obhekene nazo:

- Izinkinga zasesikoleni.
- Izinkinga zasekhaya.
- Izinkinga ezidalwa ngabangani.

Usuzwa sengathi umhlaba ukujikele. Sikhona thina singakusiza.

Sitholakala : **e-Hillcrest High School, e-LSU**
Izinsuku: **ngoLwezibili**
Izikhathi: **14:35-kuya emahoreni ayi-15:30**

**AWUHAMBI WEDWA SIKHONA!!!!.**







2.1 Bangaki abantu abavele kulesi sithombe soku-1? (1)
2.2 Iyiphi inhlangano ekhangisa lapha? (1)
2.3 Yiziphi izinkinga (problems) EZIMBILI abangakusiza ngazo lapha kule nhlangano? (2)
2.4 Bhala indawo abahlanganela kuyo laba? (1)
2.5 Yibuphi ubungozi angahlangana nabolo ohambayo esithombeni? (2)
2.6 Bahlangana ngaziphi izinsuku abakwa Eat Pray Love. (2)
2.7 Bhala lawa magama ngesiZulu
Eat (2)
Love (2)
2.8 Bhala umehluko (difference) OMBILI owubonayo (see) okhona phakathi (between) kwesithombe- 1 nesithombe -2? (2)

**[15]**

UMBUZO 4

4. Fundisa umbhalo ongenzansi bese uphendula imibuzo njengoba uyalelwe.

| |
|---|
| Ubani ongake athi usekude ukuphela unyaka wezi-2021? Angisayiphathi eyesifo esingaziwa ngisho nakudala kokhokho bethu esibhuqabhuqe abantu. Ingane ngayinye kumele ibheke umsebenzi wesikole. Isikhathi sesidliwe inja sibhekile singazibekile nathi siphansi phezulu nomsebenzi wesikole. Akusasele sikhathi singakanani sivalele ukuphela konyaka. Leso sikhathi-ke sifuna wonke umuntu azinuke amakhwapha ukuthi yena wenzeni olwela impumelelo yakhe. Ebebeyibeka imali wonke unyaka lo bazobe behleka bodwa.<br>Wonke umuntu ufuna ukuba nemali ngalesi sikhathi ngisho nongakaze alubhade kwamlungu ayosebenza. Izigelekeqe nazo zivuka inja ebomvu zibamba inkunzi, ziyagqekeza, ziduna izimoto zabantu. Lesi sikhathi okufanele ngabe abantu bathokozela ukuzikhandla kwabo unyaka wonke, baphila kabuhlungu. |

IMIBUZO

4.1 Bhala ubuningi begama elibhalwe ngokuhlukile kulo musho olandelayo. Bhala igama **KUPHELA.**

**ISIBONELO:** (I) Esiqiwini abantu bathi basaba **ibhubesi.**

(ii) Amabhubesi

4.1.1 Ubani ongake athi usekude ukuphela **unyaka** wezi-2021? (1)

4.1.2 **Ingane** ngayinye kumele ibheke umsebenzi wesikole. (1)

4.2 Gcwalisa imisho elandelayo ngamabizo akulezi zigaba *noun classes* ozibuziwe. Sebenzisa amagama akuleli bhokisi.

| |
|---|
| Umuntu, impesheni, isifo, amaholo, |

DWEBELA ibizo emshweni.

**ISIBONELO:** (i) Akekho **(1)** ongathandi ukuthokozela isikhathi sekhefu.

(ii) Akekho <u>**umuntu**</u> ongathandi ukuthokozela isikhathi sekhefu.

4.2.1 Kulo nyaka umhlaba wonke uhlaselwe (7) esibhubhise abantu. (1)

4.2.2 Abantu bakhala ngokulahlekelwa (6) abo okuyiwona ebebephila ngawo. (1)

4.3. Amagama abhalwe ngokuhlukile alapha ngenzansi waguqule abe izinciphiso *diminutives*. Bhala

igama **KUPHELA.**

4.7.1 Kanti umfowenu udlalela liphi....lebhola? (Ibizoqoqa) (1)

4.7.2 Angikukhonzile ukubukela .....phakathi nesonto. (Ibizongxube/Ibizombaxa) (1)

4.8 Sebenzisa iziqu zesiphawulo ozinikeziwe ngenzansi ukugcwalisa izikhala emshweni

oyinikeziwe. Usisebenzise kanye isiqu **UNGASIPHINDI.**

**ISIBONELO:** (i) Abasebenzi .....basezimayini badilikelwe umgodi. (-bili)

(ii) Ababili

**-ningi, -ngaki?, -dala, -fushane**

4.8.1 Uma ngisuka ekhaya ngiya esikoleni ngihamba ibanga..... (1)

4.8.2 Izilwane ....zasendle ziyasabeka ngoba ziyingozi. (1)

4.8.3 Kanti uzophumula amasonto ....ubaba ekhaya? (1)

4.9 Khetha impendulo eyodwa elungile ukuchaza isimo senkulumo esibhalwe lapha ngenzansi.

Leso sikhathi-ke sifuna umuntu **azinuke amakhwama** ukuthi wenzeni ukulwela impumelelo yakhe.

(i) Ukubheka ukuthi ugezisisile yini.

(ii) Ukuzibuza/uzihlole wena ukuthi usebenze ngokwanele yini.

(iii) Ukutshela abanye ukuthi banuka amakhwapha.

(1)

4.10 Bhala igama **ELILODWA** ukuchaza ubuhlobo besintu kule misho elandelayo. Bhala igama **KUPHELA.**

**ISIBONELO: (i)** Ubaba uhambise <u>ubaba omzalayo</u> empeshenini.

(ii) Umkhulu

4.10.1 Akekho umuntu engimaziyo ocula kahle njengo**mfowethu omncane.** (1)

4.10.2 **Udadewethu omdala** uyena owazithola kuqala iziqu zobudokotela emndenini. (1)

**[20]**

**ISAMBA 25+10+15+20 = 70**

## ISIQEPHU A

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa le ndatshana engezansi uphendule imibuzo ezolandela

**IMPUMELELO IYAJABULELWA (SUCCESS SHOULD BE CELEBRATED)**

USindisiwe Mbatha yintombazane enesizotha(humble) uzalwa uMbatha noMaNtuli. Kubo kusendaweni yakwaNgcolosi eduze nedolobhana elihle i-Hillcrest. USindisiwe uyena omdala kubo , uMafungwase (first born) bese elanywa abafana ababili USbonelo noSamkelo onguthunjana (last born). Umndeni wakwa Mbatha uyakuthanda kakhulu ukucitha isizungu ndawonye, uvakashela izindawo ezehlukene khona endaweni yakwaNgcolosi. Bonke ubafica bezipholele edamini elikhulu ekuthiwa INANDA Dam bezijabulisa ngokubuka izikebhe zishwiza kuleli damu elikhulukazi. Kwesinye isikhathi bavakashela umtapowolwazi(library) beyozifunela izincwadi ngoba phela bayakuthanda ukufunda. USindisiwe uneminyaka eyi-16 kanti abafowabo bona baneminyaka engaphansi kweyishumi.

Zonke izingane zakwa Mbatha zifunda edolobheni kanti nabazali basebenza khona edolobheni lase Hillcrest. USindisiwe ufunda ibanga leshumi esikoleni samabanga aphezulu iHillcrest High kanti obhuti bakhe bafunda esikoleni samabanga aphansi i-Hillcrest Primary. Umndeni wakwa Mbatha **uyizigwili** endaweni yakwaNgcolosi. Ubaba kaSindisiwe ungumphathi enkampanini edayisa izimoto i-SMG Hillcrest kanti uMaNtuli uyisikhulu sikaMasipala emnyagweni wezimali. Bobabili abazali bezingane zakwaMbatha bahamba ngohlobo lwezimoto eziphambili, ngibala Mecedece Benz Kanye BMW X6. UMbatha noMantuli bagcizelelea izinto ezimbili kubantwana babo, inhlonipho nokusebenza kanzima kukho konke abakwenzayo. Njalo ngesonto abakhohlwa ukuthatha izingane zabo baye naze esontweni ngoba bakholelwa ukuthi uNkulunkulu uyena ongumdali nezulu nomhlaba. Yile mfundiso eyenza uSindisiwe asebenze kanzima futhi aphumelele kukho konke akwenzayo.

Le ntombazanyana enhle yaziwa kakhulu esikoleni ngokuphasa ngamalengiso kanti futhi ayizibekile phansi kwezemidlalo njengoba edlalela I First Team emdlalweni we-Hockey iphinde idlale nebhola likanobhutshuzayo. Ngonyaka odlule uSindisiwe uthole umfundaze Allen Gray Busary ozolekelela umndeni ukuthi enze izifundo phesheya kwezilwandle. Umndeni wakwaMbatha uyaziqhenya ngendodakazi yawo USindisiwe.

1.1.1 Ungowakwabani isibongo uSindisiwe? (1)


1.1.2 Bangaki abafowabo baka Sindisiwe? (1)

1.1.3 Lo mndeni uhlala eduze kwaliphi idolobha? (1)

1.1.4 Ngokwale ndaba uSindisiwe ungowesingaki kubo? (1)

## UMBUZO 2: ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhanginsi bese uphendula imibuzo ezolandela.




2.1 Bangaki abantu abakulesi sikhangisi? (1)

2.2 Bhala igama lomkhiqizo(product) okhangiswayo (2)

2.3 Sithini isiqubulo (slogan) salo mkhiqikizo (1)

2.4 Kungani igama elthi Dulcolax libhalwe ngamagama amakhulu? (2)

2.5 Ngabe IQINISO noma IPHUTHA ukuthi i-Dulcolax ingasetshenziswa nayizingane? Sekela impendulo yakho ngokuvezwe esikhangisweni. (2)

2.6 Bhala umusho ongalona iqiniso (False statement) osetshenziswe kulesi sikhangiso. (2)

[10]

ISIQEPHU C

UMBUZO 4: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Fundisisa isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Abafundi** abaningi bakuthola kunzima ukufunda ngesikhathi sobhubhane le Covid 19. Ungqongqoshe wezempilo udokotela Zweli Mkhize ukusho lokhungesikhathi evakashele **isikole** samabanga aphezulu iKhabazela High School esisendaweni yakwaNgcolosi. Izinto ezenza kube lukhuni ukufunda ngesikhathi salolu bhubhane, ingoba **izingane** aziyi zonke izinsuku esikoleni. Othisha bakuthola kunzima ukufundisa izingane ziqede zihlale ekhaya. Ngesikhathi sezibuyela esikoleni zisuke sezikukhohlwe konke obekufundwa bese kuphoqeleka ukuthi othisha baqale phansi ukufundisa. Izingane eziningi zingqolozela **omakhalekhukhwini** noma zibuke umabonakude kusukela ekuseni lize liyoshona **ilanga**.

4.1 Bhala izigaba zamabizo abhalwe ngokugqamile (in bold) esiqeshini esingenhla (above extract). (5)

UMBUZO 5

Funda lesi siqeshana bese ufaka isabizwana emagameni abhalwe ngokugqamile.

**UMnumzane** wemukela **izivakashi** ezintathu wazipha **ukudla** ngoba bezibulawe **indlala**. Ingane ibilambe kakhulu ngoba ibikhala. Wabanika **isinkwa** kanye nenyama wabaphuzisa isiphuzo esibandayo balala bonke endlini.

5.1 UMnumzane (isabizwana soqobo) (1)

5.2 Izivakashi (isabizwana soqobo) (1)

5.3 Ukudla (isabizwana sokukhomba buqamama) (1)

5.4 Indlala (isabizwana sokukhomba kude) (1)

5.5 isinkwa(isabizwana sokubala) (1)

**{5}**

UMBUZO 6

Bhala izinhlobo zamabizo alandelayo:

6.1 UThemba

6.2 Iculo

6.3 Umdlali

6.4 isihlahla

6.5 Iqembu

(5)

UMBUZO 7

**Bukisisa isithombe esilandelayo ugcwalise izikhala**

7.1 Sizibiza ngani lezi zitho zomzimba (Body parts) ngesizulu